



**NguMongameli  
Dieter F. Uchtdorf**  
Ikhansela Lesibili  
KubuMongameli Bokuqala

# Ukuthola Okuhle

**N**genkathi sifuna indlu entsha, abashadikazi abasebancane abaNgcwele bezinsuku zokugcina bakhuluma komakhelwane abafanele mayelana nendawo kanye nezikole endaweni.

Omunye umame abakhulume naye wathi mayelana nesikole lapho abantwana bakhe bebeya khona: “Lena yindawo enhle kakhulu! Umphathisikole uyindoda enhle futhi elungile; othisha baqeqeshwe ngokwanele, balungile, futhi banobuntu. Ngijabule kakhulu ukuthi abantwana bethu bangaya kulesisikole esihle kangaka. Uzothanda lapha!”

Umama omunye wathi ngesikole sabantwana bakhe: “Kuyindawo embi kakhulu. Umphathisikole ungumuntu ozazisayo; othisha abaqeqeshwanga ngokwanele, baluhlaza, futhi abanabuntu. Uma ngingakwazi ukuphuma kulendawo, Ngingakwenza lokho ngokushesha!”

Into ejabulisayo wukuthi bobabili omame babekhuluma ngomphathisikole oyedwa, othisha abafanayo, kanye nesikole esifanayo.

Uke waqaphela ukuthi abantu imvamisa yabo bangathola nanoma yini abayifunayo? Bhekisisa ngempela, futhi ungathola kokubili okuhle nokubi cishe kunoma ngubani futhi nanoma yini. Abantu benze njalo ngokufanayo ngeBandla likaJesu Krestu Lezinsuku zokugcina zabaNgcwele kusukela ekuqaleni kwalo. Labo abafuna okuhle bazothola abantu abalungile futhi abanothando—abantu abathanda iNkosi futhi abafisa ukumsebenzela Yena futhi babusise izimpilo zabafowabo. Kepha kuyiqiniso futhi ukuthi labo abafuna okubi ngempela bazothola izinto ezingezinhle kangako.

Ngeshwa, kwesinye isikhathi lokhu kuyenzeka ingakumbi phakathi eBandleni. Asikho isiphelo ekwakhweni, futhi nekhono lalabo ababheke izizathu zokugxeka. Abangeke bakwazi ukudalula ukubambelela kwabo kumagqubu. Bayahleba futhi bathole amaphutha kwabanye. Bahlenga izilonda iminyaka neminyaka, bathathe ithuba njalo lokubhidliza futhi bacekele phansi abanye. Lokhu akuyijabulisi neze iNkosi, “ngokuba lapho kukhona ukuhalelela kanye nokungezwani, kunokudideka kanye nomsebenzi wonke wobubi,” (uJames 3:16).

uMongameli uGeorge Q. Cannon (1827–1901) babemazi uMongameli uBrigham Young (1801–77) kahle, besebenza ndawonye naye iminyaka eminingi, kokubili njengelunga leKhoramu labaPostoli abayishumi nambili futhi njengekhansela lakhe kubuMongameli bokuQala. Emva kokushona kukaMongameli uYoung, uMongameli uCannon wabhala lokhu kujenali lakhe: “Angizange ngigxeke noma ngithole iphutha ngokuziphatha kuka Brigham Young, ikhansela lakhe noma izimfundiso zakhe nanoma yisiphi isikhathi enhliziyweni yami, okuncane kakhulu emagameni ami noma izenzo. Lokhu kuyinjabulo kimi manje. Umcabango owawukade uhleli nami kwakungukuthi: Uma ngigxeke noma ngithole iphutha ngalokhu, noma ngahlulele uMfowethu uBrigham, ngizofika kuphi na; uma ngiqala, ngizophelela kuphi? Angingeze ngazethemba mina kulento enjena. Ngangazi ukuthi ukulahla ukholo umphumela wokuzinikela emoyeni wokugxeke kanye nokuthola amaphutha. Abanye, abamandla amakhulu, ulwazi nokufunda kunami, bangenza izinto eziningi futhi baphunyuke

emiphumeleni yobubi leyo engingeke ngayenza.”<sup>1</sup>

Isexwayiso esinamandla sikaMongameli uCannon ku-yinto thina abangamalungu eBandla okumele sikucabangisise ngokucophelela okukhulu. Izwi likaNkulunkulu linxusa abalandeli bakaKrestu ukuba babe “msulwa, . . . nokuthula, okuthambileyo, babelula ukuba base-tshenziswe, bagcwale uzwelo kanye nezithelo ezinhle, ngaphandle kokhetha okunye phezu’kokunye, futhi ngaphandle kokuba yiphixiphixi.”

Kulabo abenza uxolo, “isithelo sokwenza okulungileyo sitshalwe ngoxolo” (uJames 3:17, 18).

Sinokuzikhethela. Singafuna okubi kwabanye. Noma senze uxolo futhi sisebenze ukukhulisa kwabanye ukuqonda, ukungakhethi, futhi nokuxolelwa esikufisa ngempela kithina. Singazikhethela; ngokuba nanoma yini esiyifunayo, ukuthi sizoyithola ekugcineni.

#### AMANOTHI

1. uGeorge Q. Cannon, iJenali, Jan. 17, 1878; ukuphela okusesikhathini samanje.

### UKUFUNDISA NGALO MLAYEZO

“Ungazizwa sengathi awuqondi eminye imithetho leyo oyilungiselele ukuyifundisa,” amanothi *Ukufundisa, Ubizo Olukhulu* ([1999], 19). “Noma kunjalo, ngokuthandaza ufunda kona, phokophela ukuphila yona, lungiselela ukuyifundisa, bese-ke wabelana nayo nabanye, ubufakazi bakho buzokhula futhi bugxile.”

Njengoba ubheka okuhle empilweni nakwabanye kulenyanga, uzobe uzilungiselele kakhulu ukufundisa lomlayezo kanye nobufakazi ngokweqiniso.

## INTSHA

### Ingxenye eKhanyayo Yenxeba Lenja NguTara Stringham

**E**hlotsheni ngo2009, Ngalunywa ebusweni bami yinja yomngane wami. Ngeshwa, ukulunywa kwahlephula udebe lwami futhi ngathola ukuthungwa.

Emva kokulimala, Ngaphelelwa amandla. Ngavumela ishwa ukuba lithathe imicabango yami, futhi ngazizwa sengathi impilo yami yonke imoshakele. Ngangizizwa ngiphatheke kabi mayelana nodebe lwami futhi ngingafuni ukuphumela phandle nhlobo. Engqondweni yami amalungiselelo ami ngepiyano, ivolleyball, isonto, ukubhukuda, kanye nesikole kwa-bhidlizwa ukulimala kwami.

Kepha njalo uma ngithandaza, ngithola izibusiso zobupristi, ngikhulume nabazali bami, noma ngibe nokuvakashela umndeni kanye nabangani, umoya wami wawuphakama futhi ngizwa ukujabula ngesikhathi sokudumala. Ngashesha ngabona ukuthi uma abantu bangacabanga ngokulimala kwami, babezwa uzwelo.

Lesisifundo sangisiza ukwakha ubumina, futhi angaze ngafunda ukuba ngiphatheke kabi ngabanye abantu ukuthi bacabangani ngami. Ngabusiseka ngoba ukulimala kwami kwangisiza ukuba ngibone ukuthi ngingayeka ukucabanga ngami ngiqale ukunakekela kakhulu abanye. uMoya wami waphakama kakhulu ngalesisikhathi.

Ngafunda ukuthi ishwa yingxenye yeplani lika-Baba oseZulwini lethu. Uma sibheka okuhle hhayi okubi, singakwazi ukunqoba ishwa, ube ngumuntu ongcono, wenze kube yinto eqinisa ubufakazi bethu.

## IZINGANE

### Bheka Okuhle eduzane Nawe

**U**ngabona okuhle yonke indawo eduzane nawe uma ufunda ukubheka kona. Enye yezindlela ongafunda ngayo ukubona izibusiso ukwenza kube yinjwayelo ubusuku nobusuku ukubala izinto ezinhle ozibonile ngalolusuku.

Thatha isikhathi kusihlwa ukutshela ilungu lomndeni mayelana ngezinto ezinhle ozibonile empilweni yakho namuhla.



Ukholo • Umndeni • Inkululeko

# Ngaphansi kobuPristi futhi nangemva kwePhethini yobuPristi

*Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

**B**odade bami abathandekayo, sibusiseke kangakanani na! Hhayi kuphela ukuthi singamalungu eBandla, kepha singamalungu futhi eNhlango Yabesimame Yenkululeko—“inhlango yeNkosi yabesimame.”<sup>1</sup> Inhlango Yabesimame Ekhululekile ingubufakazi bothando bukaNkulunkulu kumadodakazi Akhe.

Ingabe inhliziyo yakho ayijabuli uma ukhumbula iziqalo ezijabulisayo zalenhlango? NgoMashi 17, 1842, uMprofethi uJoseph Smith wabumba abodade “ngaphansi kobupristi emva kwephethini yobupristi.”<sup>2</sup>

Ukubunjwa “*emva kwephethini yobupristi*” kwanika odade igunya kanye nendlela. uEliza R. Snow, umongameli-jikelele weNhlango Yabesimame Ekhululekile, wafundisa ukuthi Inhlango Yabesimame Ekhululekile “angeke ibe khona ngaphandle kobuPristi, ngesizathu sokuthi konke okunegunya kuvela futhi kukhuthazwa yilapho ivela khona.”<sup>3</sup> iGosa Dallin H. Oaks weKhoramu yabaPostoli beshumi namibili wachaza kanje, “Igunya kumele lisetshenziswe yilabo abanegunya kanye nabothisha beNhlango Yabesimame Ekhululekile . . . yayiyigunya lelo elizohamba liye kubona ngenxa yokuhlangana kwenhlango kanye nebandla

lika Jesu Krestu Lezinsuku Zokugcina kanye nokugcotshwa kwabantu ngamunye ngaphansi kwezandla zabaholi bobupristi ababiziweyo.”<sup>4</sup>

Ukubunjwa “*emva kwephethini yobupristi*” kunika odade igunya elingcwele. uJulie B. Beck, weNhlango Yabesimame Ekhululekile ongumongameli jikelele, wachaza: “Sisebenza ngendlela yobupristi—okuchaza ukuthi siyafuna, sithole, bese senza ngokwambuleka; senze izinqumo kumakhansela; bese siyazindla ngokwethu ngokunakekela labo bantu ngamunye ngamunye. Okwethu kuyinjongo yobupristi ukulungiselela thina izibusiso zokuphila okungunaphakade ngokwenza futhi sigcina imiyalelo. Ngakho-ke, njengabafowethu abaphethe ubupristi, okwethu ngumsebenzi wesambulo, umsebenzi, kanye nokuba ngabantu abangcwele.”<sup>5</sup>

**UBarbara Thompson, oyikhansela lesibili kubuMongameli beNhlango Yabesimame Ekhululekile jikelele.**

## **Kuvela embhalweni Ongcwele**

1 AbaseKhorinte 11:11; Imfundiso neZivumelwano 25:3; 121:36–46

## **Kuvela Emlandweni Wethu**

Ngenkathi kwakhiwa iThempeli laseNauvoo, iqembu lodade

babanesifiso sokuhlangana ukusiza umzamo wokwakha. uEliza R. Snow wabhala umthetho waleliqembu elisha. Ngenkathi ebonisa bona kuMprofethi uJoseph, waphendula wathi: “Tshela odade ukuba iminikelo yabo yamukelwe yiNkosi, futhi unento engcono azobenzela yona. . . . Ngizohlango abesimame ngaphansi kobupristi emva kwephethini yobupristi.”<sup>6</sup> Emva kwesikhashana, uMprofethi watshela Inhlango Yabesimame Ekhululekile entsha eqeda kubunjwa: “Mina manje sengijikisa isikhiye kuwe egameni likaNkulunkulu, kanye nelenhlango nizakujabula, futhi nolwazi nokuhlakanipha kuzogeleza phansi kusukela manje.”<sup>7</sup> Abodade babebheke ukwenyuka kuye kwelinye izinga lobuNgcwele futhi nokulungiselela imiyalelo yobupristi masishane ukuba iphathwe ethempelini.

## **AMANOTHI**

1. uSpencer W. Kimball, “Inhlango Yabesimame Yenkululeko—Isithembiso sayo kanye Nekhono,” *kwiEnsign*, Mar. 1976, 4.
2. uJoseph Smith, wacaphuna kuSarah Granger Kimball, “Umlando Wempilo Yomuntu,” *Isibonelo Somfazi*, Sept. 1, 1883, 51.
3. uEliza R. Snow, “Owesifazane Wenhlango Yabesimame Ekhululekileyo,” *kwiDeseret News*, Apr. 22, 1868, 81.
4. uDallin H. Oaks, “Inhlango Yabesimame Ekhululekile kanye neBandla,” *kwiEnsign*, uMeyi 1992, 36.
5. uJulie B. Beck, “Inhlango Yabesimame Ekhululekile: Umsebenzi oNgcwele,” *kwiLiahona*, Nov. 2009, 111.
6. uJoseph Smith, wacaphuna eKimball, “Umlando Wempilo Yomuntu,” 51.
7. *Izimfundiso zaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 64.

### ***Ngingenzenjani?***

**1.** Ngingenzenjani ukusiza odade eNgibavakashelayo ukuba bajabulele izibusiso zeNhlango Yabesimame Ekhululekile zombenzi wabo ongcwele?

**2.** Ngingenzenjani kulenyanga ukukhulisa ulwazi lwami ukuze ngithole isambulo sami ngedwa na?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).